


# OKUQUKETHWE

| | |
|---|---|
| SINGOBANI?? | 4 |
| UMBONO | 6 |
| UMSEBENZI | 6 |
| IZIMISO | 7 |
| SENZANI THINA? | 8 |
| OBANI ABAPHETHE | 9 |
| IZINDINGANISO ZETHU | 10 |
| UKUSEBENZA JIKELELE KWISIKHATHI SOKUBIKA SA-2022/23 KUNYAKA WEZIMALI: | 16 |
| IZINHLELO ZESIKHATHI ESIZAYO ZOMNYANGO | 23 |
| INHLANGANO YETHU NABASEBENZI | 24 |
| ISITATIMENDE SOKWABIWA KWEZIMALI | 26 |
| SINGATHOLAKALAPHI? | 29 |

## SINGOBANI??

SinguMnyango Wezokuphepha Komphakathi wase-Gauteng (GDCS). Umgomo oyinhloko woMnyango Wezokuphepha Komphakathi wase-Gauteng uthathwe kwisigaba 206 (3) no-208 kuMthethosisekelo waseNingizimu Afrika, 1996 (UMthethosisekelo), okunika amandla umnyango, phakathi kwezinye izinto:

- Ukuqapha ukuziphatha kwamaphoyisa;
- Ukwengamela ukusebenza kahle nempumelelo yokusebenza kwamaphoyisa;
- Ukukhuthaza ubudlelwano obuhle phakathi kwamaphoyisa nomphakathi;
- Ukuhlaziya ukusebenza kahle kokubonakala kwamaphoyisa esifundazweni;
- Nokunikela ekuphikeleleni kwenqubomgomo yamaphoyisa kazwelonke, kufakwa emqondweni izidingo nokubalulekile kwesifundazwe. .






Ukwengeza, amagunya oMnyango nawo asuka kuhlelo 4 no-5 oMthethosisekelo, okunika amandla izifundazwe ezinamakhono ahamba kanyekanye (noHulumeni wesiFundazwe) kanye namakhono akhethekileyo emithetho yokusebenza kwezindawo njengezokuthutha komphakathi, imigwaqo yesifundazwe kanye nemisebenzi yomphakathi, njengokulandelayo: -

- **Uhlelo 4** lwendlala amakhono asebenzayo ahamba kanyekanye esifundazwe nemithetho
- **Uhlelo 4** (Ingxenye A) lumayelana nemiGomo yasemiGwaqweni
- **Uhlelo 5** luchaza izindawo ezinamakhono akhethekileyo emthetho yesifundazwe
- **Uhlelo 5** (Ingxenye A) lumayelana nemigwaqo yezifundazwe, ezesiminyaminya nezokupaka, kanye
- **Ukuphathwa** kwezokuphepha emgaqweni kuwumsebenzi ofanayo kuwo wonke amazinga amathathu (3) kaHulumeni.

Kepha, amagunya omnyango mayelana nokuphoqelela kwemithetho yeziminyaminya zomgwaqo angafinyezwa ngokulandelayo

- Ukuphoqelela kwemithetho yeziminyaminya
- Ukuqapha ukuthobela nokubambelela kwimithetho yeziminyaminya nemithetho yezokuthutha zomgwaqo womphakathi kanye
- Nokuqeqesha izikhulu zomgwaqo, abahloli kanye nababheki.

## UMBONO

Ukubona i-Gauteng njengeSifundazwe lapho abantu bezizwa bephephile.

## UMSEBENZI

Ukuqinisekisa ukuphepha kwemiphakathi yase-Gauteng ngokusungula izinto ezintsha, ukusebenza okuphindaphindekile kanye nokwengamela ngempumelelo izikhungo zomthetho zesifundazwe kanye nokushaya kwemithetho yezokuthutha iphakathi emngwaqweni ngenkathi kuthuthukiswa imiphakathi ukuvimbela ubugebengu.



## IZIMISO

Imisebenzi nokusebenza koMnnyango Wezokuphepha Komphakathi incike kulezimiso kwiminyaka emihlanu elandelayo nangale kwalokho.

| Izimiso | Ukuziphatha – Sizokhombisa kanjani lezimiso |
| --- | --- |
| **Ukwethembeka** | Sisho esikuqondile, futhi siqonde esikushoyo |
| **Ukuba sezingeni eliphezulu** | Ukwenza ngcono ukusebenza nezinga njalo nokusebenza ngokungakhathali ukuze sizuze impumelelo |
| **Ukuzibophezela** | Sizibophezele ekwamukeleni amaphutha futhi silungise la khona singenzanga kahle. |
| **Inhlonipho** | Siphatha wonke umuntu ngesizotha siphinde samukele ukubaluleka kwawo wonke umuntu |
| **Ukwenza izinto zibe sobala** | Sivulelekile ngezinqumo ezithathiwe futhi sizimisele ukucacisa ngaso sonke isikhathi |

Izimiso ezingaphezulu zisekela imigomo ye-Batho Pele encike kwimithelela yokuziphatha, kanye nokusebenza ngempumelelo.

# SENZANI THINA?

**UMnyango unikezwe umsebenzi wokuqinisekisa ukuphepha kwabantu base-Gauteng owethulwa ngalezi zinhlelo ezilandelayo:**

## IHHOVISI LIKANOBHALA WESIFUNDAZWE

Uhlelo lunikela ukwenza ngcono ukusebenza kwamaphoyisa ngokuqapha impumelelo nokusebenza kahle kwama-ejensi aphoqelela umthetho esifundazweni, okwenziwa ngamathuluzi ahlukene. Futhi, ama-ejensi aphoqelela umthetho alindelwe ukuthi anikeze incazelo nganoma yiluphi udaba oluke lwalethwa kubo, kubalwa nokunikeza imibiko yokusebenza. Uhlelo lunomthwalo wemfanelo futhi wokuthola izidingo zobuphoyisa nokubalulekile kwesifundazwe ukuthi senze imisebenzi yengxenye-206(1) yoMthethosisekelo.

## ABAPHATHI BEZIMINYAMINYA ZOMGWAQO

Uhlelo Lwabaphathi Beziminyaminya lufuna ukuhlanganisa nokudidiyela ukuphoqelela imithetho yemigwaqo ngezinhlelo eziqhutshwa imininingwane yokwehlisa ukufa okwenzeka emigwaqweni, ukusabela kwizigameko ezibikiwe nokuseka abe-South African Police Service (SAPS) ekugwemeni ubugebengu nezinyathelo zokulwa esifundazweni. Uhlelo lunomthwalo  futhi wokuthuthukisa ulwazi lwabasebenzisa imigwaqo, amakhono, indlela yokubuka izinto nokuphepha kwabahamba ngezinyawo.

## OBANI ABAPHETHE



**Nkosazana Faith Mazibuko**
**(Ilungu lesiGungu esiPhezulu)**

UNgqongqoshe woMnyango wezokuPhepha koMphakathi , uMhlonishwa Nkosazana Faith Mazibuko, uyilunga elikhethiwe lezikhulu zomkhandlu futhi unomthwalo wokuletha ubuholi bokuqinisekisa ukuthi imisebenzi yomnyango ihambiselana nekaZwelonke kanye nokubalulekile kwiSifundazwe.
.

.

**Nkosazana  Nontsikelelo Sisulu**
**(Usihlalo Womnyango)**

UNkosazana Nontsikelelo Sisulu Usihlalo Womnyango, waqokwa uNdunankulu ukuqinisekisa ukuthi umnyango usebenzisa izinqubomgomo zeKomiti Lezikhulu Zesifundazwe ngokufanele nangempumelelo.



# IZINDINGANISO ZETHU

**Service Uhlelo lokuthuthukisa ukulethwa kwezinsiza**

Ngenxa yokubuyekezwa okuqhubekayo koHlelo Lokuthuthukisa Kokulethwa Kwezidingo (SDIP) la-2008, isiqondiso soMnyango Wezokuletha Izidingo Zomphakathi Nokuphatha (DPSA), Umnyango Wezokuletha Izidingo Zpmpkathi Nokuphatha uqondiswe ngoHlelo Lokuthuthukisa Kokulethwa Kwezidingo i-Circular 14 ya-2022, iziqalo zokwakha ezisazocatshangelwa kabanzi iminyango inqubo yokuqinisa ukwakhiwa kwoHlelo Lokuthuthukiswa Kokulethwa Kwezindingo. UMnyango Wezokuletha Izidingo Zomphakathi Nokuphatha uphe isandiso sosuku kwaba amashumi amathathu nanye (31) kuNdasa kunyaka ka-2023 ukuhambisa Uhlelo Lokuthuthukisa Kokulethwa Kwezidingo kuMnyango Wezokuletha Izidingo Zomphakathi Nokuphatha. Umnyango uhambise uHlelo Lokulethwa Kwezidingo lwa-2023/25 kuMnyango Wezokuletha Izidingo Zomphakathi Nokuphatha ngokwe-circular 14 ya-2022 ye-DPSA uHlelo Lokuthuthukisa Kokulethwa Kwezidingo.

**Indlela yokulungisa izikhalo**

| Indlela yokulungisa izikhalo manje | Uhlelo lwezikhalazo oluphokophelwe | Imiphumela |
|---|---|---|
| Uhlelo lokhuphatha ubudlelwane namakhasimende (CRM) | Ukuphathwa kwezikhalazo ngendlela edidiyelweyo | Zonke izikhalo ezatholwa zaxazululwa |
| Inhlolovo yokwaneliseka kwamakhasimende | | Yonke imibuzo eyatholwa yaphendulwa |
| I-IMPaCC | | Zonke izikhalo ezatholwa zavalwa |


- **CRM**
- **Inhlolovo yokwaneliseka kwamakhasimende**
- **I-IMPaCC**

**100%**
Imiphumela

## Ukuphucula kokubonakala kwamaphoyisa

Umnyango unikele ngezimoto ezingu-50 neziteshi zamaphoyisa ezing-umahamba nendlwana eziwu- 4 emaphoyiseni esifundazwe (SAPS). Kwenziwa imikhankaso ephathelene nokunqanda ubugebengu engu-652 nezinye izinhlangano zokuqiniswa kwezokuphepha.










## Ukusekwa kwezisulu zoDlame Oluhambisana Nobulili Nokuhlukunyezwa Kwabesifazane

Kwakhishwa izikhungo zesikhashana ezingu-38 kuwo wonke amagumbi amahlanu esifundazwe. Kwaqeqeshwa abomthetho abangu-144 ngokuphatha amacala oDlame Oluhambisana Nobulili Nokuhlukunyezwa Kwabesifazane. Kwalandelelwa amacala oDlame Oluhambisana Nobulili Nokuhlukunyezwa Kwabesifazane angaphezu kuka-1000 kuhlelo lwezobulungiswa bobugebengu, ukusekwa kwezisulu nokubhikisha ezinkantolo kwamabutho oDlame Oluhambisana Nobulili Nokuhlukunyezwa Kwabesifazane.



## Ukwehlisa ukufa kwasemigaqweni nokwenza ngcono ukuziphatha kwabasebenzisa imigwaqo.

Kwenziwa imikhankaso ephathelene nokushayela budedengu nokunganaki angu-9 545. Kwenziwa imikhankaso ephathelene nokusheyela ngesivinini angu-16 715. Kwenziwa imikhankaso ephathelene nabashayela bephuzile angu-2058.




Kwenziwa imikhankaso ephathelene nabahamba ngezinyawo 2936. Kwenziwa imikhankaso aphathelene nokuamiswa futhi kwahlolwa izimoto ezingu-1 296 617. Kwenziwa imikhankaso eqaphele umthetho wezokuthutha nokuphepha





# UKUSEBENZA JIKELELE KWISIKHATHI SOKUBIKA SA-2022/23 KUNYAKA WEZIMALI:

| Istatimende es-inomthelela | Indawo ephephile nevikelekile kumphakathi wase-Gauteng | | |
|---|---|---|---|
| **Umphumela** | **Inkomba yemiphumela** | **Okuhlosiwe kwiminyaka emihlanu** | **Inqubekela phambili ya-2022/23** |
| Ukubusa ngokusebenzisana nokubambisana okungcono | Ubudlelwano obungcono phakathi kohulumeni nababambiqhaza | Ukuxhumanisa nokuhlanganisa okungcono kwezinhloso nezinhlelo zeMemorandamu Yohlelo Lokusebenzisana (MOU) | • Ukuxhumanisa iminyango yeMemorandamu Yohlelo Lokusebenzisana nababambiqhaza ahlukile.<br>• Imibuzo ye-SCOPA etholiwe yaphendulwa<br>• Imibuzo yemthetho ebhaliwe nebuzwe ngemilomo etholiwe futhi yaphendulwa<br>• Izicelo ezitholiwe zaphendulwa. |
| | | Kwasungulwa Isu Lezokuphepha e-Gauteng (GSS) | • Isu lwekhethelo ne-CSPS lathathwa elinesihloko esithi ICVPS. Inhloso yalesi sifundo kwakukucwaninga izinga lobugebengu ezifundazweni kanye nokungenelela ukugwema udlame ukuthi kuhambisana kanjani nomfanekiso wezimo zenhlalo yomphakathi nezomnotho osekela i-WPSS ne-ICVPS zokwenza lula ukuphepha emphakathini. |
| | Ukwenza ngcono izilawuli ukuziphatha nemikhuba yokuziphendulela. | • Umbiko ongenalwazi kamcwaningi mabhuku jikelele (i-Clean audit).<br>• Kwehla izigameko zokukhwabaniso nenkohlakalo.<br>• Kwabuyekezwa futhi kwagadwa isu lobungozi. | • Umnyango wenza imihlangano eyishumi nantathu yokuqwashisa ehlose ukwehlisa izigameko zokukhwabanisa nenkohlakalo, bese kwafinyeleleka kwabasebenzi abangamakhulu ayisithupha nambili (602) lapho kusolakala amacala okukhwabanisa nenkohlakalo nokuziphatha okungenasimilo, kwalandelwa izinqubo ezifanele njengophenyo nokuqaliswa ukuphathwa kwemiphumela.<br>• Isu lobungozi lubuyekeziwe lwagadwa njalo ngekota. Imibiko yenqubekela phambili yethulwa njalo ngekota kwimihlangano ye-Risk Management ne-Audit. |

| Istatimende es-inomthelela | Indawo ephephile nevikelekile kumphakathi wase-Gauteng | | |
|---|---|---|---|
| **Umphumela** | **Inkomba yemiphumela** | **Okuhlosiwe kwiminyaka emihlanu** | **Inqubekela phambili ya-2022/23** |
| | Ukwenza ngcono ukuphathwa kolwazi. | Kwamiswa ihabhu lolwazi nekhono lokuhlaziya. | • Kwasungulwa uhlelo loKugcinwa koLwazi |
| Kwenziwa ngcono ukwen-gamela phezu kokusebenza kweZinhlaka Zokuqiniswa Kwezokuphepha | Kwenziwa ngcono ukuz-iphendulela ekusebenzeni kweZinhlaka Zokuqiniswa Kwezokuphe-pha | Ukungenelela ekwehliseni ubugebengu kwabaluleka eziteshini zamaphoyisa ngamaphesenti angamashumi amahlanu (50) | • Umnyango waqhubeka waqapha ukusebenza eziteshini zamaphoyisa zokubaluleka okuphezulu ezingamashumi amahlanu nanhlanu (55) ngamaseshini e-GIPPS. Ngemizamo yokuqinisekisa ukuziphendulela ekusebenzeni, amaseshini okuziphendulela abizwa nabamaPhoyisa (SAPS) njalo nenyanga. Ngokuhlola okubanjiwe kweZinhlaka Zokuqiniswa Kwezokuphepha eminyakeni edlule, kube nokuba ngcono kweziteshi zamaphoyisa ezibalulekile njengoba sekuphezu kwamaphesenti angamashumi ayisihlanu (50), okusho ukuthi umnyango uyaqhubeka ukweseka iziteshi zonke ngokuqxila kakhudlwana kulezo ziteshi ezihlehlela muva |
| | | • Kwaqalwa umfanekiso wamaphoyisa ase-Gauteng.<br>• Isu elihlanganisiwe lamaphoyisa ase-Gauteng. | • Izingxoxo zamaPhoyisa ziyaqhubeka ukuqinisekisa ukuthi izinkulumo ngomfanekiso wobuphoyisa ziyaqala. AmaPhoyisa akhombisile isidingo sokuxhumana noMnyango kaZwelonke ngaphambi kokwenza umsebenzi kumfanekiso<br>• I-Gauteng iqale uHlelo Lokuphoyisa Lweminyaka Emihlanu (5-year Policing Plan). |

| Istatimende es-inomthelela | Indawo ephephile nevikelekile kumphakathi wase-Gauteng | | |
|---|---|---|---|
| **Umphumela** | **Inkomba yemiphumela** | **Okuhlosiwe kwiminyaka emihlanu** | **Inqubekela phambili ya-2022/23** |
| | | Iziteshi zamaphoyisa ezi-44 namahhovisi eMnyango wamaPhoyisa Amaspala ezifunda angama-36 agadwa. | • Iziteshi zamaphoyisa eziyikhulu namashumi amane nane (144) zonke noMnyango WamaPhoyisa Amaspala ayikhulu namashumi amathathu nesithupha (136) agadwe, ngokuvakasha okumenyezeliwe nokungamenyezelwe.<br>• Kwabhekelelwa ukuthobela Umthetho Wodlame Lwasekhaya, izikhalo zokulethwa kwezidingo nezincomo zaBaqondisi Bokuphenywa KwamaPhoyisa Abazimele (IPID). Ngenxa yalokhu, kuqale imibiko yeKota |
| | | Imibiko yokusebenza nokuhlola kwamaPhoyisa kabili ngonyaka | • Kukhiqizwe imibiko yaKabili ngonyaka, okukhombisa isimo sobuphoyisa esifundazweni |
| | I-Improved CJS coordination | Amaseshini angamashumi amane (40) okuqapha okwenzeka ezinkantolo ukugwema ukwenza budedengu kwamaphoyisa. | • Ngawo wonke amaseshini okuqapha okwenzeka ezinkantolo, uMnyango ufuna ukuhlonza izikhala ezenza ukuthi amacala achithwe noma asulwe izinkantolo. Ngokufanayo, ukuhlaziywa kwamadokodo asevaliwe, kuhloswe ukuhlonza izikhala kanye nophenyo, okuba nomthelela kuzinga lwecala elilethwa enkantolo. Kuyimanje, uMnyango usuhambe amaseshini okuqapha okwenzeka ezinkantolo ayiziyishumi (10). |

| Istatimende es-inomthelela | Indawo ephephile nevikelekile kumphakathi wase-Gauteng | | |
|---|---|---|---|
| **Umphumela** | **Inkomba yemiphumela** | **Okuhlosiwe kwiminyaka emihlanu** | **Inqubekela phambili ya-2022/23** |
| | | Kwamiswa uhlelo lokulandelela amacala ayingqangi nawodlame oluhambisana nobulili (GBVF) | • UMnyango uyaqhubeka nokuhlonza amacala ayingqangi nawodlame oluhambisana nobulili (GBVF). Ngokuqashwa kwebutho loDlame Oluhambisana Nobulili, kwandiswe ukuqwashisa nokutoyiza ezinkantolo. Kuyimanje, kulandelelwe amacala angaphezu kwe-1800 oDlame Oluhambisana Nobulili. Umnyango usawusebenza umqondo wohlelo lokulandelela. |
| Umnyakazo oqinisiwe olwa nobugebengu | Imiphakathi enikwe amandla nephephile. | Umthamo wezokuphatha uMbutho wamaPhoyisa Omphakathi kwiGumbi nakuzinga lesiFundazwe wakhiwa. | • Ibhodi kuzinga lesiFundazwe liyaqhubeka liyaqiniswa,<br>• Futhi selizimela selilawula nezinhlelo zoMbutho wamaPhoyisa Omphakathi. Kuzinga leGumbi, uhlelo lokuqeqeshwa luthuthukisiwe futhi lwaqalwa. Iseshini yohlelo lwamasu yabanjwa kulesi sikhathi sokubika ukuze kunyuswe umthamo. |
| | | Kwenziwe ukungenelela kwokugqugquzela ukuphepha okuyinkulungwane namakhulu amabili namashumi amabili nane (1224). | • Kwenziwe ukungenelela kokuvikela ubugebengu okungamakhulu amahlanu namashumi amahlanu (550) kulo nyaka wezezimali |
| | | Kuthuthukiswe isizinda semininingwane sabaholi bamawodi.<br>Kuthunyelwe abaholi abayishumi (10) ngewodi. | • Ukusebenza ngendlela yamaWodi kuthuthukisiwe futhi ngokwethula abaqaphi abavimba ubugebengu ababekwe emaLokishi, emJondolo nasemaHostela.<br>• Isizinda semininingwane sabaholi sisunguliwe |

| Istatimende es-inomthelela | Indawo ephephile nevikelekile kumphakathi wase-Gauteng | | |
|---|---|---|---|
| **Umphumela** | **Inkomba yemiphumela** | **Okuhlosiwe kwiminyaka emihlanu** | **Inqubekela phambili ya-2022/23** |
| | Izindlela ezinningi ezinzulu zokuqondisa izigwegwe nokweseka okuhlanganisiwe kwizisulu zobugebengu nabangenamandla okuzivikela. | Buyekeza indlela okubhekwana ngayo Nodlame Oluhambisana Nobulili (GBVF). | • Umnyango wasingatha ingqungquthela yesifundazwe yoDlame Oluhambisana Nobulili Nokuhlukunyezwa Kwabesifazane ngoNcwaba (GBVF) ka-2022. Lokhu kwavumela inqubo yokubuyekeza, lokhu kuhlanganisa umbuso, umphakathi nemikhakha ezimele.<br>• Isizinda semininingwane sabaholi sisunguliwe |
| | | Kwathuthukiswa isu Lokumelana noDlame Lwabesifazane Nezingane | • Ukusungulwa kweZikhungo Ezinika Izisulu Amandla kuyohlale kuwumthwalo wamaPhoyisa, nomnyango uqhubeke wagada ukusebenza kweZikhungo Ezinika Izisulu Amandla futhi wakhomba izindawo ezingalungiseka uma kufanele.<br>• Zonke Izikhungo Ezinika Izisulu Amandla eziyikhulu namashumi amane nane |
| | | Izikhungo Ezinika Izisulu Amanndla zamiswa futhi ziyasebenza. | |
| | | Izisulu zoDlame Oluhambisana Nobulili ezingama-50 000 zasekelwa, nezinsiza zokwesekwa ngokwasemphakathini nangokomqondo zanikezwa. | • Izisulu eziyizinkulungwane eziyishumi nanye amakhulu amathathu namashumi ayisishiyagolombili nesithupha (11386) Zodlame Oluhambisana Nobulili zithola ukusekelwa |

| Istatimende es-inomthelela | Indawo ephephile nevikelekile kumphakathi wase-Gauteng | | |
|---|---|---|---|
| **Umphumela** | **Inkomba yemiphumela** | **Okuhlosiwe kwiminyaka emihlanu** | **Inqubekela phambili ya-2022/23** |
| | | Kusungulwe izikhungo zesikhashana (Green Doors) angamashumi amahlanu (50) | • Inani elasungulwa elalihlosiwe lezikhungo zesikhashana (Green Doors) leqa kulo nyaka wezimali ka-2022/23. Umnyango wasungula izikhungu ezingamashumi amathathu nesishiyagalombili (38) futhi inani lamashumi amabili nane (24) lase livele lisunguliwe |
| | | Ukungenelela okuyinkulungwane namakhulu amahlanu (1500) kwenzelwa abangenamandla okuzivikela. | |
| | Kunyuswe ukuqaphela kwezokuphepha nezokuvikeleka ezikoleni nezikhungozemfundoephakeme. | Ukungenelela kokuphepha okungamakhulu ayisikhombisa (700) enziwe (kubalwa nabafundi abasebungozini obukhulu/nabafundi abasekelwa) | • UMnyango waqhubeka nezinhlelo zokugqugquzela ukuphepha kuqondiswe kwabangenamandla okuzivikela esifundazweni sonke. Ukuphendula inani elikhuphukayo lezigameko zoDlame Oluhambisana Nobulili ezikhungweni zemfundo ephakeme, umnyango usungule izindawo |

# IZINHLELO ZESIKHATHI ESIZAYO ZOMNYANGO

## Ukugxila kwamasu

Umnyango uyaqhubeka nokuqondanisa ukungenelela kwawo ekubalulekeni kwesifundazwe okuvela kwi-GGT2030 Plan of Action and the Elevated Priorities ngasekugcineni kokuphatha kwesithupa.

Okulandelayo kubalula ukungenelela okungqangi koMnnyango Wezokuphepha ekuphenduleni ngokubaluleka kokuqinisa imizamo yokulwa nobugebengu, inkohlakalo, ukucekelela phansi impahla nokungabi namthetho esifundazweni.



# INHLANGANO YETHU NABASEBENZI

| Occupational band | Abesilisa | | | | Abesifazane | | | | Isamba |
|---|---|---|---|---|---|---|---|---|---|
| | Abamp-isholo | Amakh-aladi | Abomdabu waseNdiya | abaM-hlophe | Abamp-isholo | Amakh-aladi | Abomdabu waseNdiya | abaM-hlophe | |
| Abaphathi Abaphezulu | 3 | 0 | 0 | 0 | 2 | 0 | 1 | 0 | **6** |
| Abaphathi Abakhulu | 11 | 0 | 0 | 1 | 9 | 1 | 1 | 0 | **23** |
| Ochwepheshe abaqeqeshwe ngokwamakhono nabangomnkantshubomvu kanye naBaphathi Abamaphakathi | 61 | 2 | 3 | 4 | 54 | 1 | 1 | 2 | **128** |
| Abasebenzi abaqeqeshwe ngokwemfundo nangobuchwepheshe bamakhono, abaphathi abancane, abaqondisi, izinduna kanye nonsumpa | 582 | 44 | 5 | 21 | 481 | 21 | 1 | 5 | **1160** |
| Abaqeqeshwe isigamu nabenza izinqumo ngokuzinqumela | 72 | 1 | 0 | 0 | 162 | 0 | 0 | 0 | **235** |
| Abangaqeqeshiwe nabenza izinqumo ezimisiwe | - | - | - | - | - | - | - | - | **-** |
| **Isamba** | **729** | **47** | **8** | **26** | **708** | **23** | **4** | **7** | **1552** |
| **Abasebenzi abanokukhubazeka** | **13** | **0** | **1** | **2** | **18** | **0** | **0** | **1** | **35** |

Inani lonke labasebenzela uMnyango kusukela ku-31 kuNdasa ka-2023 kwakungu-1935. Inani seliphelele libala nabasebenzi abanokukhubazeka.

# UKUSEBENZA KWEZIMALI

Isabelomali sekuphelele kwakungamalandi aayizigidi eziyishumi nanye izinkulungwane ezingamashumi ayizishiyagolumbili nesishiyagalombili namakhulu amane nanye (11 88401) kunyaka wezimali wa-2022/23. Okulandelayo kuhlaziya ukuthi isabelomali sisetshenziswe ngayiphi indlela:

| | Izindleko (R'000) |
|---|---|
| Ukunxeshezelwa kwabasebenzi | 636 011 |
| Izimpahla nemisebenzi | 351 615 |
| Inzalo | - |
| **Isamba eliphelele lezindleko** | **987 626** |

| | Izindleko (R'000) |
|---|---|
| Okudluliselwe noxhaso | 13 164 |
| **Isamba eliphelele lokudluliselwe noxhaso** | **13 164** |

| | Izindleko (R'000) |
|---|---|
| Inkokhelo yezimpahla zesikhwama | 187 219 |
| Inkokhelo yezimpahla eziyimali | 392 |
| **Isamba eliphelele lezimpahla zesikhwama** | **187 611** |

| | Izindleko (R'000) |
|---|---|
| **ISAMBA ESIPHELELE SEZINDLEKO** | **1 188 401** |

## ISITATIMENDE SOKWABIWA KWEZIMALI

| Igama lohlelo | 2022/2023 | | | 2021/2022 | | |
|---|---|---|---|---|---|---|
| | Isabelo Sokugcina | Izindleko | (Ngaphezulu)/ Ngaphansi Kwezindleko | Isabelo Sokugcina | Izindleko | (Ngaphezulu)/ Ngaphansi Kwezindleko |
| | R'000 | R'000 | R'000 | R'000 | R'000 | R'000 |
| Ukuphatha | 193 667 | 189 377 | 4 290 | 167 550 | 162 195 | 5 355 |
| Unobhala Wesifundazwe | 267 058 | 238 858 | 28 200 | 237 774 | 226 548 | 11 226 |
| Abaphathi bezimin-yaminya zomgwaqo | 913 340 | 760 166 | 153 174 | 575 629 | 517 559 | 58 070 |
| **Isamba** | **1 374 065** | **1 188 401** | **185 664** | **980 953** | **906 302** | **74 651** |

UMnyango usebenzise amaphesenti angamashumi ayisishiyagalombili nesikhombisa (87) kwisabelomali sa-2022/23 kunyaka wezimali.

## Uhlelo 1

Abaphathi basebenzise imali engaphansi ngamalandi ayizigidi ezingu-4.3. Ukusebenzisa imali engaphansi kwenziwa ukuthengwa kwama-laptop, ithenda yaqedwa emaphethelweni onyaka wezimali nokulethwa kwawo kuzowenzeka kunyaka wezimali olandelayo. Imali engasetshenzisiwe izogingqelwa kunyaka wezimali olandelayo.

## Uhlelo 2

Unobhala wesifundazwe usebenzise amaphesenti angamashumi ayisishiyagalombili nesishiyagalolunye (89) kwisabelomali esibekiwe, ukusebenzisa imali engaphansi ngezigidi ezi-28.2 wamalandi kubophezeliwe futhi kumayelana nalokhu okulandelayo:

- Izigidi ezingu-11.2 zamalandi zibekelwe ukukhokhela imali yesibonelelo yabaqaphi, lemali ihlanganisa imali ebalwe ngokuqongelela.
- Izigidi ezingu-5.1 zamalandi ezenkontileka yokuthengwa kwama-jumpsuit eyasayindwa ngaekupheleni kwanyakamali esikuwo.
- Izigidi ezingu-1.8 zamalandi ezama-Gazebo, amabhanela nezindwangu zamatafula okwathengwa kusekwa Umbutho Wamaphoyisa Omphakathi (CPFs). Lowo owanikwa lomsebenzi ulindeleke ukuba aphothule ukudiliva ngonyakamali omusha.
- Izigidi ezingu-2.4 zamalandi ezokukhokhela isikweletu sezimoto ezadilivwa kuNdasa ka 2023.
- Izigidi ezingu-5.7 zamalandi ezokulungisa nokunakekela  amabhilidi lapho kuhlala khona izisulu zodlame lwasemakhaya, imali ifakiwe emalini ka 2022/23 ngokubalwe ngokuqongelela.
- Izigidi ezingu-2.1 zamalandi ezokuletha nokuxhunywa kwephrojekthi ye-tetra radio okungaqedwanga ekupheleni konyakamali.

## Uhlelo 3:

- Ukuphathwa nokubhekelelwa kwesiminyaminya kwasebenzisa u-83% wesabelomali sabo. Lokhu ikakhulu kwenziwa yizinselelo zenqubo yamathenda kanye nezimali ezazibekelwe kodwa zangasetshenziswa. Lokhu kucazululwe ngalendlela elandelayo:

- Izigidi ezingu-19.8 zamalandi zokunxephezela abasebenzi kuphathelene neziphathimandla ezithunyelwe ukusebenza okwesikhashana kwezinye izinhlaka zombuso. Izindleko eziphathelene nalezi ziphathimandla kufanele zilethwe Kusikhwama Semali Engenayo sesiFundazwe uma imali isibuyiselwe emnyangweni.
- Izigidi ezingu-11.8 zamalandi zabelwe ngqo ukusungulwa kwe-Command Centre, imvume yokuthola ibhilidi ngohlelo lokuqasha isazogunyazwa ngokokuphela kwalesi sikhathi sezezimali.
- Izigidi ezingu-10.0 zamalandi zabekelwa ukuqasha izindiza ezinophephela emhlane ezimbili, isivumelwano sasayindwa ngoNdasa ka 2023.
- Izigidi ezingu-1.9 zamalandi ziphathelene nezinsiza-kusebenza zeziphathimandla ezithunyelwe ukusebenza okwesikhashana kuMnyango wezoKuthutha, lemali izolethwa Kusikhwama Semali Engenayo.
- Izigidi ezingu-27.5 zamalandi ze e-Panic Button, inqubo yamathenda yayisesigabeni sokuphothulwa ekupheleni konyakamali, izimali zizofakwa kabusha kusabelomali sangonyaka ozayo.
- Izigidi ezine (4.0) zamalandi zabekelwa ukuthenga izindiza ezingamarobhothi (amadroni). Amadroni amathathu nezengezeleli zokuwasebenzisa kwadilivwa ngoMbasa ka 2023 futhi inani lihlanganisiwe emalini eqongelene ka 2022/23.
- Izigidi ezingu-4.3 zamalandi zabekelwa ukuqeqesha abashayeli bamadroni, okuzoqala onyakeni omusha wezimali.
- Ngenxa yokudilivwa okungaphelele kwezimoto ezathengelwa abaqaphi bokuvinjelwa kobugebengu kanye nama-invoysi, izigidi ezingu-73.9 zamalandi kunyakamali omusha.

Lezi zimali ezingaphezulu zizogingqelwa kunyakamali olandelayo.

# SINGATHOLAKALAPHI?

**Igatsha eliphethe**
25 Pixley ka Isaka Seme Street
Johannesburg,
Marshalltown
2107

**Ikheli leposi**
P O Box 62440,
Johannesburg,
Marshalltown
2107

**Facebook:** Gauteng Department t of Community Safety


**X:** @Com-Safety-GP

**Hotline:** 0860011000 | **Tel:** (011) 689-3600 | **Fax:** (011) 689-3650

**Website:** www.gauteng.gov.za

| Igama leHhovisi lesiFunda | Ikheli Lendawo |
|---|---|
| **IHhovisi leSifunda sasePitoli Ezokuphepha Kwemigwaqo ePitoli** | Cnr. Grant and Stanton<br>Koedoespoort<br>0001 |
| **IHhovisi leSifunda sase-Mabopane** | 5206 Block A<br>Mabopane<br>0190 |
| **IHhovisi leSifunda sase-Temba** | 2025 Jubilee Road<br>Temba, 0407 |
| **IHhovisi leSifunda sase-Ekangala / Bronkhorspruit** | 56 Kruger Street<br>Bronkho Forum<br>Bronkhortspruit, 1020 |
| **Isikhungo Sokuhlola - Donkerhoek (TCC)** | Plot 1 Mooiplaas<br>Kaallfontein<br>Donkerhoek |
| **IHhovisi leSifunda sase-Benoni** | Public Roads and Transport building<br>Main Reef Road, Mackenzie Park<br>Benoni, 1500 |

| Igama leHhovisi lesiFunda | Ikheli Lendawo |
|---|---|
| **Isikhungu Sokuhlola -Heidelburg (TCC)** | N3 Freeway<br>Houtpoort, Heidelburg<br>1438 |
| **IHhovisi leSifunda sase-Heidelburg Ezokuphepha Kwemigaqo** | 66 Pretorius Street<br>Heidelburg<br>1438 |
| **IHhovisi leSifunda sase-Merafong** | 25 Pixley Ka Seme<br>Johannesburg, 2001 |
| **IHhovisi leSifunda sase-Krugersdorp Ezokuphepha Kwemigaqo<br>IHhovisi leSifunda sase-Croesus<br>iYunithi Ekhethekile Yokugcinwa Komthetho** | 25 Pixley Ka Seme<br>Johannesburg<br>2001 |
| **iYunithi Ekhethekile Yabaqaphi<br>iYunithi Elwa Nokudunwa Kwamaloli** | 2 Monte Carlo<br>Cnr Nurburg Road<br>Raceway Industrial Park<br>2128 |
| **IHhovisi Yezibalo Zesiminyaminya** | 25 Pixley Ka Seme<br>Johannesburg<br>2001 |
| **IHhovisi leSifunda sase-Vereeniging** | 1A Blesseboek Street<br>Leeuhof, Vereeniging<br>1930 |
| **Charlie Romeo<br>Radio Control Room** | 25 Pixley Ka Seme<br>Johannesburg, 2001 |
| **iHhovisi Ekhethekile Yesivinini Esiphezulu** | 25 Pixley Ka Seme<br>Johannesburg, 2001 |



**HOD Nontsikelelo Sisulu**

**Usuku:** 05/09/2023

